22140687

International Baccalaureate®
Baccalauréat International
Bachillerato Internacional

**NDEBELE A: LITERATURE – STANDARD LEVEL – PAPER 1**
**NDÉBÉLÉ A : LITTÉRATURE – NIVEAU MOYEN – ÉPREUVE 1**
**NDEBELE A: LITERATURA – NIVEL MEDIO – PRUEBA 1**

Friday 9 May 2014 (morning)
Vendredi 9 mai 2014 (matin)
Viernes 9 de mayo de 2014 (mañana)

1 hour 30 minutes / 1 heure 30 minutes / 1 hora 30 minutos

---

INSTRUCTIONS TO CANDIDATES

- Do not open this examination paper until instructed to do so.
- Write a guided literary analysis on one passage only. In your answer you must address both of the guiding questions provided.
- The maximum mark for this examination paper is *[20 marks]*.

INSTRUCTIONS DESTINÉES AUX CANDIDATS

- N'ouvrez pas cette épreuve avant d'y être autorisé(e).
- Rédigez une analyse littéraire dirigée d'un seul des passages. Les deux questions d'orientation fournies doivent être traitées dans votre réponse.
- Le nombre maximum de points pour cette épreuve d'examen est *[20 points]*.

INSTRUCCIONES PARA LOS ALUMNOS

- No abra esta prueba hasta que se lo autoricen.
- Escriba un análisis literario guiado sobre un solo pasaje. Debe abordar las dos preguntas de orientación en su respuesta.
- La puntuación máxima para esta prueba de examen es *[20 puntos]*.


© International Baccalaureate Organization 2014

https://xtremepape.rs/

*Hlaziya ubhale ngendima* ***inye*** *kuphela. Thinta mibili imibuzo eqondisayo empendulweni yakho.*

**1.**

(Ekhaya kwaButhelezi. UButhelezi noMaNtombela bahlezi exhibeni, uButhelezi uncwela amafosi esiswebhu.)

MaNtombela: Buthelezi, uthi UDambuza ufuna ukuyosebenza eThekwini.
(Ayeke lokhu akwenzayo uButhelezi abheke umkakhe emehlweni.)
Buthelezi: Angizwa?
MaNtombela: Ngithi umfana uthi ufuna ukuyosebenza eThekwini.
Buthelezi: O. Ufuna ukuyosebenza eThekwini? Ngiyezwa. Ngimfisela inhlanhla.
MaNtombela: Waziba nje Buthelezi?
Buthelezi: Engabe ngithini?
MaNtombela: Shono phela ukuthi wena uthini kulokho.
(UButhelezi aqondise kahle ummese esikhunjeni.)
Buthelezi: Ingani ngiyakutshela ngithi ngimfisela inhlanhla!
MaNtombela: Indaba wayithatha kalula nje!
Buthelezi: (Ebeka phansi ummese ethatha amafutha.) Kanti inzima yini?
MaNtombela: Wena uyavumelana yini nalokho noma cha?
Buthelezi: (Egcoba ifosi ngesigaca samafutha.) Ubuthi angale yini?
MaNtombela: Kodwa Buthelezi ngathi ngikhuluma indaba engaka wasimze waphola nje?
Buthelezi: (Ethi ukuhaqazisa ummese emlalazini.) Ngizoshiselani?
MaNtombela: Ngitshela uma ungafuni ukuba ahambe.
Buthelezi: (Eqhubeka namafosi.) Ngimeqele nxa eyokudla maphi amasimu?
MaNtombela: Hhayi-ke, ngiyabona ukuthi awuzimisele ukuyikhuluma lendaba.
Buthelezi: Kuyakumangalisa yini lokho?
MaNtombela: Kungayeka kanjani ukungimangalisa? Ngake ngambona umnumzane othi ebikelwa indaba asimze athalalise nje?
Buthelezi: (Eqoqa izinto akade esebenza ngazo ezikhweza.) Nango-ke umbona namhlanje.
MaNtombela: Buthelezi, kodwa ngoneni lena eyenza ukuba ngithi ngikhuluma nawe udimede ubande nje?

David Mkhize, *Ngavele Ngasho* (1988)

(a) Singatsho ukuthi ingxogxo iveza ukuphambana phakathi kwabilingisi ababili kwisiqephu? Uma kunjalo baphambana ngani futhi kuvezwe njani ukuphambana?

(b) Hlaziya izinto umlobhi azisebenzisayo ukwakha umoya phakathi kwabalingiswa ohamba ube mubi kakhulu kwisiqephu.



https://xtremepape.rs/

**2.**

**Ukuthula**

Uma kukhon' isithandwa' esedlul' ezinye,
Esileth' uzwano noxolo nenhlalakahle,
Kungebe ngomunye ngaphandle kwakhe:
UNokuthula waseKuthuleni osithulisayo.

Uma umhlab' ohlabay' ungehlabe,
Ngenxa yokukhululek' emphefumulweni –
Kungenxa yaso kuphel' isithandwa sami:
UNokuthula waseKuphumuleni.

Ubuhle bakho kabunancaso ntombi,
Izwe lonke, nesinyabulala kungofakazi;
Kulelosok' owaliqoma Ntombi
Siwa ngezinyawo Nokuthula, ntombi yoxolo!

Yizani zintombi nani masoka,
Sondelani sibungaze nans' intokazi
Efunwa ngamakhosi nezicabucabu
Ngoba konke kusoph' injabulokazi.

Kunganisiza ngani ukuxabana bakithi?
Ingan' owenduku umuz' asiwuboni;
Zinjweza, khiphan' umnqantul' emlonyeni,
Sizuz' uNokuthula wokuthula bakithi!

Nonkanyezi Clair Buthelezi, *Ithala* (1980)

(a) Sibaluleke ngani isihloko salenkondlo? Ingqikithi yalenkondlo yakhiwe njani kwizindima ezisihlanu?

(b) Izimpawu zokubhala ezifaka ikhefu, ikhefana, nci, umbuzi, isibabazi kusetshenziswe njani ukwakha umoya ozothileyo kodwa olamandla kulinkondlo?



https://xtremepape.rs/